# Isingeniso

**Uke waphenya iphephabhuku wase uba nesifiso sokuba njengomunye wabesifazane abajabulisayo, abahle nabanesiphiwo labo abashiwo ezincwajaneni? Ungafunda ngezinhloso nangemibono yabo, uvo lwabo kwezomculo, ukudla abakuthandayo, izincwadi abathanda ukuzifunda, ukuphumelela kwabo kanye nekhono labo lokuvelela ngaphezu kobunzima abahlangabezana nabo. Ungabona izimpahla abazigqokayo, indlela abahlobisa ngayo amakhaya abo bese uthanda indlela abenza ngayo izinto. Ungacabanga uthi: Lona ngumfanekiso opheleleyo – ngifuna ukuba njengaye.**

**Emakhasini alandelayo uyamenywa ukuba uphenye eBhayibhelini ufumane izindaba ezixoxwayo ngabesifazane abakhethekileyo. Abesifazane babamba iqhaza elibaluleke kakhulu kulo lonke iBhayibheli. Abanye baphila besondelene kakhulu noNkulunkulu, kanti abanye bona bayamfulathela. Kwezinye isikhathi batholakala belwa noNkulunkulu. Babengabesifazane bezinhlangothi ezahlukeneyo, abanemisebenzi eyahlukeneyo futhi behlukile, abesifazane bezimo ezahlukeneyo zempilo. UNkulunkulu wayesebenza empilweni yabo. Emakhasini eZwi elimangalisayo likaNkulunkulu uzofumana lokhu: Yimina lowo! Nginguye owesifazane! Futhi uNkulunkulu uyasebenza empilweni yami!**

**Woza uhlangabezane nabesifazane eBhayibhelini.**

# Owesifazane eBhayibhelini
# unobudlelwano noNkulunkulu

**Lolu luhlangothi olubaluleke kakhulu kowesifazane. Uphila ngobudlelwano obukhethekileyo bokukholwa kuNkulunkulu. Uyithanda ngempela iNkosi futhi ufuna intando yayo empilweni yakhe. Noma kunjalo, kwesinye isikhathi uyaphambuka.**

**Uzophinda ufumane: Nginguye owesifazane!**

## Uthanda iNkosi ngokujulileyo; iNkosi ihlala isenhliziyweni yakhe

UJesu wayesehlala phansi, maqondana nomphongolo womnikelo, wayebuka ukuthi isixuku sinikela kanjani umnikelo emphongolweni. Abaningi abacebileyo babenikela kakhulu. Kepha kwafika umfelokazi ompofu wanikela ngamafadingi amabili, okuyisitebela. Wayesebiza abafundi bakhe, wathi kubo: "Ngiqinisile ngithi kini: lo mfelokazi ompofu unikele kakhulu kunabo bonke abanikele emphongolweni, ngokuba bonke bacaphune kokuningi abanakho banikela, kodwa lo mfelokazi ekusweleni kwakhe, unikele ngakho konke anakho, konke abephila ngakho."

NgokukaMakhu 12:41-44

## Ufunda iZwi

Ubusisiwe umuntu
ongahambi ngeseluleko sababi,
ongemi endleleni yezoni,
ongabi mdibi munye nabaklolodayo,
kodwa othokoza ngoMthetho
kaSimakade,
azindle ngawo imini nobusuku.
Ufana nesihlahla esitshalwe
ngasemifuleni yamanzi,
esithela isithelo saso
ngesikhathi esifaneleyo,
esimaqabunga aso angabuni.
Uyaphumelela kukho
konke akwenzayo.

AMahubo 1:1-3

## Uzimisele ngomkhuleko

### UHana wakhuleka ngokuzimisela kuJehova ngokungabi nangane kwakhe:

UHana wasukuma lapho sebedlile, baphuza eShilo. U-Eli, umphristi, wayehleli esihlalweni sakhe ngasensikeni yomyango wethempeli likaSimakade. Umphefumulo wakhe wawunomunyu kakhulu; wakhuleka kuSimakade, wakhala kabuhlungu. Wenza isithembiso, wathi: "Simakade Wamabandla, impela uma ubheka, uyakubona ukuhlupheka kwencekukazi yakho. Ngikhumbule, ungayikhohlwa incekukazi yakho; yiphe incekukazi yakho umntwana womfana. Ngiyomnikela kuSimakade zonke izinsuku zokuhamba kwakhe. Akuyukuthinta nsingo ekhanda lakhe."

Kwathi esaqhubeka nokukhuleka phambi kukaSimakade, u-Eli wawuqaphela umlomo wakhe. UHana wayekhuluma ngenhliziyo engaphumiseli mazwi ngomlomo, kwakunyakaza izindebe zomlomo kuphela. Ekubona lokho u-Eli, wacabanga ukuthi udakiwe. U-Eli wathi kuye: "Uyakudakwa kuze kube nini na? Susa iwayini lakho kuwe."

UHana waphendula wathi: "Hhayi, nkosi, ngingowesifazane ohluphekileyo; angiphuzanga wayini naphuzo olunamandla, kodwa bengithulula umphefumulo wami phambi kukaSimakade. Ungasho ukuthi incekukazi yakho ingowesifazane okhohlakele, ngokuba kungenxa yobuningi bosizi lwami nangokuchukuluzwa kwami, yingakho ngikhuluma kuze kube manje."

1 USamuweli 1:9-16

## Uhlala ezinyaweni zeNkosi ukuze alalele

Besahamba, wangena emzaneni othile; owesifazane mumbe, ogama lakhe nguMartha, wamemukela endlini. Wayenodadewabo okuthiwa nguMariya, owahlala ngasezinyaweni zeNkosi, walalela izwi layo. Kepha uMartha wayematasatasa, enza imisebenzi eminingi; waya kuJesu, wathi: "Nkosi, akukukhathazi yini ukuthi udadewethu ungishiyile, ngisebenza ngedwa na? Ngakho-ke mtshele angisize."

Kepha iNkosi yamphendula, yathi: "Martha, Martha, ukhathazekile futhi uphazanyiswa yizinto eziningi. Kepha kunye okudingekileyo; uMariya ukhethe okuyikhona kungcono, angayukwephucwa khona."

NgokukaLuka 10:38-42

## Uzinikela entandweni kaNkulunkulu ngempilo yakhe

**Kwesinye isikhathi umelana nentando kaNkulunkulu ngempilo yakhe, kodwa ubuye azinikele kuyo, esebonile ukuba yena wazi kangcono.**

Ngenyanga yesithupha, ingelosi uGabhriyeli yathunywa nguNkulunkulu emzini eGalile, okuthiwa yiNazaretha, entombini eyayithenjiswe umendo yindoda enguJosefa, wendlu kaDavide; igama lentombi kwakunguMariya. Seyifikile, yasondela ingelosi lapho ayekhona, yathi kuye: "E! Wena ophiwe umusa! INkosi inawe; ubusisiwe esifazaneni."

Kepha yena wethuka lapho ezwa izwi layo, wazindla ngokuthi kungaba kubingelela kuni lokhu. Ingelosi yathi kuye: "Ungesabi, Mariya, ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu. Uzakukhulelwa, uzale indodana, uyiqambe igama uthi nguJesu. Yena uyakuba mkhulu, abizwe ngokuthi yiNdodana yoPhezukonke. INkosi uNkulunkulu iyakumnika isihlalo sobukhosi, sikayise uDavide; uyakubusa phezu kwendlu kaJakobe kuze kube phakade, nombuso wakhe awuyukuphela."

UMariya wathi engelosini: "Kuyokwenzeka kanjani lokhu, njengokuba ngingayazi indoda na?"

Ingelosi yaphendula, yathi kuye: "UMoya oNgcwele uzakuza phezu kwakho, amandla oPhezukonke

akusibekele; ngakho-ke lo ongcwele, ozakuzalwa, uzakubizwa ngokuthi yiNdodana kaNkulunkulu. Phela u-Elizabethe, isihlobo sakho, obekuthiwa inyumba naye ukhulelwe indodana esemdala; le yinyanga yakhe yesithupha. Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu."

UMariya wathi: "Ngiyincekukazi yeNkosi; makwenzeke kimi njengezwi lakho."

Ingelosi yemuka kuye.

NgokukaLuka 1:26-38

## Unikela impilo yakhe eNkosini

Kwakukhona nomphrofethikazi, u-Ana, owayeyindodakazi kaFanuweli, wesizwe sika-Aseri; wayesekhule kakhulu. Wayehlale nendoda yakhe iminyaka eyisikhombisa emva kobuntombi bakhe. Wayengumfelokazi waze waba neminyaka engama-84, engasuki ethempelini, ekhonza ngokuzila nangokukhuleka ubusuku nemini.

NgokukaLuka 2:36-37

## Usebenzela iNkosi ngenjabulo

Kwase kusuka uMiriyamu umphrofethikazi, udadewabo ka-Aroni, wathatha ithamborini ngesandla sakhe; waphuma nabo bonke abesifazane emva kwakhe, bephethe amathamborini, besina. UMiriyamu wahlabelela wathi:

"Hlabelelelani uSimakade,
ngokuba uphakeme kakhulu,
ihhashi nomgibeli walo
ukuphonse olwandle."

I-Eksodusi 15:20-21

## Uthembela kuJesu ukuze athole amandla

Kwakukhona owesifazane owayenomopho iminyaka eli-12. Wayehluphekile kakhulu, ehla enyuka ezinyangeni eziningi, futhi esechithe konke ayenakho, kodwa kunhlanga zimuka nomoya; kubhebhetheka okwakumphethe. Esezwile ngoJesu, waya esixukwini ngasemuva, wathinta ingubo kaJesu, ngokuba wathi: "Uma nje ngingathinta izingubo zakhe, ngizakusindiswa."

Masinyane, umthombo wegazi lakhe wanqamuka, wezwa emzimbeni wakhe ukuthi usesindile esifeni ebesimhlupha.

Kwathi uJesu angezwa kuye ukuthi amandla aphumile, waphendukela esixukwini, wathi: "Ngubani othinte izingubo zami na?"

Abafundi bakhe bathi kuye: "Ingani uyabona ukuthi isixuku sikuminyanisile. 'Pho ubuzelani ukuthi ngubani okuthintileyo na?' "

Waqalaza ukuba abone ukuthi ngubani owayenze lokho. Kepha owesifazane ekwazi okwakwenzekile kuye, wesaba, wathuthumela, weza waziphonsa phansi phambi kukaJesu, wamtshela lonke iqiniso. UJesu wayesethi kuye: "Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile, hamba ngokuthula; uphulukisiwe enhluphekweni yakho."

NgokukaMakhu 5:25-34

## Uphonsa izinkathazo zakhe eNkosini

“Ngalokho-ke ngithi kini: ningakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani noma niyakuphuzani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani. Ukuphila akukukhulu kunokudla, nomzimba kunesembatho na? Bhekani izinyoni zezulu ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azibekeleli ezinqolobaneni, nokho uYihlo osezulwini uyazondla. Nina anizidluli yini kakhulu na? Ngubani phakathi kwenu okuthi ngokuzikhathaza kwakhe athasisele umzuzwana ebudeni bempilo yakhe na?

“Kungani nikhathazeka ngokokwembatha na? Qaphelani iminduze yasendle ukuthi imila kanjani; kayikhandleki, kayiphothi, kepha ngithi kini: noSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo. Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obukhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, akayukunembathisa yini kakhulu nina eninokukholwa okuncane na? Ngakho-ke ningakhathazeki nithi: ‘Siyakudlani?’ noma: ‘Siyakuphuzani?’ noma: ‘Siyakwembathani na?’ Ngokuba konke lokhu kufunwa ngabezizwe; ingani uYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu. Kodwa funani kuqala umbuso wakhe nokulunga kwakhe, yikhona konke lokhu kuyakwenezelelwa kinina. Ngakho-ke ningakhathazeki ngengomuso, ngokuba ingomuso liyakukhathalela okwalo. Inkathazo yosuku yanele lona.”

NgokukaMathewu 6:25-34

## Kwesinye isikhathi, uyakhubeka …

Kwesinye isikhathi wenza iphutha elimenza afune ukucashela uNkulunkulu. Uma iphutha lakhe livela obala, azame ukwesulela komunye umuntu. Kwaba njalo ngo-Eva:

Inyoka yayinobuqili kunazo zonke izilwane zasendle ayezenzile uSimakade uNkulunkulu. Yathi kowesifazane: “Ushilo yini uNkulunkulu ukuthi: ‘Ningalokothi nidle nakowodwa umuthi osensimini na?’ ”

Waphendula owesifazane wathi: “Uthe singazidla izithelo zanoma yimuphi umuthi osensimini, kodwa uNkulunkulu wathi: ‘Ningasidli isithelo somuthi omile phakathi nensimu, futhi ningasithinti ngoba niyokufa nokufa.’ ”

Kepha inyoka yathi kowesifazane: “Ngeke nife neze. Ngokuba uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nisidla, amehlo enu ayovuleka, nifane naye, nazi okuhle nokubi.”

Owesifazane ebona ukuthi umuthi muhle, ufanele ukudliwa, nokuthi uyaheha emehlweni, uyanxaneleka ekuhlakaniphiseni, wakha izithelo zawo wadla, wanika nomyeni wakhe owayenaye lapho, naye wadla. Amehlo abo bobabili ayesevuleka, bazibona ukuthi bahamba ze, beluka amaqabunga omkhiwane, bawabhinca, bafihla ubunqunu babo.

Ntambama selipholile, indoda nomkayo bezwa izigi zikaSimakade uNkulunkulu ezihambela ensimini, base becasha phakathi kwemithi. USimakade uNkulunkulu

wammemeza umuntu wathi: “Ukuphi na?”

Waphendula wathi: “Ngizwe izigi zakho ensimini, ngase ngesaba ngoba ngihamba ze, ngacasha.”

Wathi kuye: “Ngubani okutshele ukuthi uhamba ze na? Ngabe udlile yini kulowo muthi engakudonsa ngendlebe ngathi ungadli kuwo na?”

Umuntu waphendula wathi: “Lo wesifazane owanginika yena, nguyena onginike isithelo somuthi, nami-ke ngasidla.”

USimakade uNkulunkulu wabuza kowesifazane wathi: “Ukwenzeleni lokhu na?”

Waphendula wathi: “Yinyoka engiluthile, ngasidla.”

IGenesisi 3:1-13

Kwesinye isikhathi akayethembi iNkosi bese ezenzela intando yakhe ... azisole ekugcineni. NjengoSarayi owathi ku-Abhrama:

“Bheka, uSimakade ungivale inzalo. Hamba ulale nencekukazi yami, mhlawumbe ingase ingivusele umuzi.”

U-Abhrama walilalela izwi lomkakhe uSarayi. Kuthe lapho u-Abhrama esehlale iminyaka elishumi eKhanani, uSarayi umkakhe wathatha incekukazi yakhe uHagari, umGibhithe, wayinika umyeni wakhe ukuba ibe ngumkakhe. U-Abhrama walala noHagari, wayesekhulelwa. Kwathi angazibona ukuthi usekhulelwe uHagari, waqala ukubukela phansi uSarayi inkosikazi.

USarayi wayesethi ku-Abhrama: “Sengathi lokhu okubi okwenzeka kimi lingathwalwa nguwe icala lakho. Mina ngakunika incekukazi yami, ithe ingazibona ukuthi isikhulelwe yayisingibukela phansi. USimakade makehlulele phakathi kwakho nami.”

IGenesisi 16:2-5

## Uza eNkosini azizwele ukuxolela kwayo

Owesifazane wakulowo muzi, owayeyisoni, esezwile ukuthi uJesu usesidlweni endlini yomFarisi, waya khona ephethe umfuma wamafutha ngojeke we-alabhasta. Wema ngemuva kukaJesu, ngasezinyaweni zakhe, ekhala. Waqala ukumatisa izinyawo zikaJesu ngezinyembezi zakhe, wayesezesula ngezinwele zakhe, wazanga izinyawo ephindelela, wayesezigcoba ngamakha. Kepha lapho umFarisi owayemmemile ekubona lokhu, wadlinza wathi: “Lo muntu ukuba ubengumphrofethi, ngabe wazile ukuthi ngubani futhi uluhlobo luni lo wesifazane omthintayo, ngokuba uyisoni.”

UJesu wamphendula, wathi kuye: “Simoni, kukhona engifuna ukukutshela khona.”

Wathi: “Mfundisi, ngitshele.”

“Umbolekisi othile wayenabantu ababili ababemkweleta. Omunye wayekweleta odenariyu abangama-500, omunye ekweleta odenariyu abangama-50. Lokhu babengenalutho lokumkhokhela, wabaxolela bobabili. Imuphi kulaba oyakumthanda kakhulu na?”

USimoni waphendula wathi: “Ngicabanga ukuthi yilowo oxolelwe kokuningi.”

UJesu wathi kuye: “Uyihlabe esikhonkosini.”

Waphendukela kowesifazane, wathi kuSimoni: “Uyambona lo wesifazane na? Ngingene endlini yakho, awunginikanga amanzi okugeza izinyawo, kodwa lo wesifazane umantisile izinyawo zami ngezinyembezi zakhe, wazesula ngezinwele zakhe. Awunganganga, kepha lo wesifazane, yilokhu ngingenile, akazange ayeke ukwanga izinyawo zami. Awuligcobanga ikhanda lami ngamafutha, kepha lo wesifazane uzigcobile izinyawo zami ngamafutha. Ngenxa yalokho, ngithi kuwe: izono zakhe eziningi zithethelelwe, ngokuba uveze uthando olukhulu. Kepha lowo othethelelwe okuncane, uthanda kancane.”

Wayesethi kowesifazane: “Izono zakho zithethelelwe.”

NgokukaLuka 7:37-48

## Uhlala enethemba ngekusasa

UMartha ezwa ukuthi uJesu uyeza, wamhlangabeza, kodwa uMariya wayehleli endlini.

UMartha wathi kuJesu: “Nkosi, ukuba ubukhona, umfowethu ngabe akafanga. Kepha namanje, ngiyazi ukuthi noma yini ongayicela kuNkulunkulu, uzakukunika yona.”

UJesu wathi: “Umfowenu uzakuvuka.”

UMartha wathi kuye: “Ngiyazi ukuthi uyakuvuka ekuvukeni ngomhla wokuphela.”

UJesu wathi kuye: “Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi noma efa uyakuphila, nalowo ophilayo, akholwe yimi, akasoze afa nanini. Uyakukholwa yilokho na?”

Waphendula, wathi: “Yebo Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu, obezakuza emhlabeni.”

NgokukaJohane 11:20-27

Owesifazane eBhayibhelini

# uphila enobudlelwano nabanye

**Akazikhiphi inyumbazana. Uphila emphakathini kanye nabanye. Obunye nobunye ubudlelwano anabo behlukile futhi lobo budlelwano bunezinto obuzidingayo kuyena.**

**Uphinde ufumane futhi: Nginguye owesifazane!**

## Wenzela abanye okuhle

EJopha kwakukhona owesifazane othile okholwayo, ogama lakhe linguThabitha, okungukuthi uma lihunyushwa uDokhasi; wayenemisebenzi eminingi emihle, futhi abela abampofu izipho.

IZenzo 9:36

## Ungumfazi wendoda yakhe

### Ungumuntu munye nayo

Waphendula, wathi kubo:
"Anifundanga yini ukuthi owadala ekuqaleni wabenza owesilisa nowesifazane, wayesethi:
'Ngenxa yalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathele kumkayo:
labo ababili bayakuba nyamanye'
na? Ngalokho-ke abasebabili, kodwa sebenyamanye. Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu, makungehlukaniswa muntu."

NgokukaMathewu 19:4-6

### Muhle endodeni yakhe

Waze wamuhle sithandwa sami!
Bheka, umuhle,
amehlo akho angamajuba.

ISihlabelelo Sezihlabelelo 1:15

### Uyithanda kakhulu

Othandiweyo wami ungowami,
nami ngingowakhe;
welusela phakathi kweminduze.
Kuze kuphole ilanga,
namathunzi abaleke,
phenduka wena
othandiweyo wami,
ufane nensephe
noma nesixhumo sendluzele
ezintabeni ezimakhelekehle.
Ebusuku embhedeni wami
ngamfuna othandwa
ngumphefumulo wami;
ngamfuna, kodwa angimtholanga.

Manje ngizovuka ngizungeze emzini,
emigwaqweni nasemashashalazini,
ngizomfuna othandwa
ngumphefumulo wami.
Ngamfuna, kodwa angimtholanga.
Abalindi abazungeza emzini,
bazithela phezu kwami:

"Animbonanga yini othandwa
ngumphefumulo wami na?"

Ngithe nje ukwedlula kancane kubo,
ngase ngizithela kothandwa
ngumphefumulo wami.
Ngambamba, ngamnkonkoshela
angavuma ukuba ahambe,
ngaze ngamfaka endlini kamame,
nasekamelweni lalowo
engavundla esiswini sakhe.

ISihlabelelo Sezihlabelelo 2:16 – 3:4

**Uyayincoma**

Imilenze yakhe
iyizinsika zemabuli
ezibekwe phezu kwezisekelo
zegolide loqobo.
Isiqu sakhe sifana
neLebhanoni,
sinjengemisedari ekhethekileyo.

Okuphuma emlonyeni
wakhe kumnandi,
konke ayikho kuyanxaneleka.
Yilowo othandiweyo wami,
yilowo-ke ongumngani wami,
madodakazi aseJerusalema.

ISihlabelelo Sezihlabelelo 5:15-16

**Uthembekile kuyo**

Ukuganana makuhlonishwe yibo bonke, umbhede mawungangcoliswa, ngokuba uNkulunkulu uyakuzehlulela izifebe nabaphingayo.

KumaHebheru 13:4

**Udinga uthando lwayo**

ULeya wakhulelwa, wazibula ngendodana, wayiqamba igama wathi nguRubeni, ngokuba wathi: "Kungoba uSimakade ulubonile usizi lwami. Impela umyeni wami usezongithanda manje."

IGenesisi 29:32

**Unika indoda yakhe okuyifaneleyo**

Indoda mayimenelise umfazi ngokocansi, kanjalo nomfazi enze kanjalo endodeni. Umfazi kanamandla phezu komzimba wakhe, kodwa yindoda enawo, kanjalo nendoda kayinamandla phezu komzimba wayo, kodwa ngumfazi onawo.

Ningagodlelani, kuphela kube ngokwesikhashana ngokuvumelana ukuba nithole ithuba lokukhuleka, nibuye nibe ndawonye, ukuze uSathane anganiyengi ngokungazibambi kwenu.

1 KwabaseKhorinte 7:3-5

## Uthatha izingane zakhe njengezipho

Bheka, abantwana bayifa elivela kuSimakade,
isithelo sesibeletho singumklomelo.

AMahubo 127:3

## Uthanda izingane zakhe ngaphandle kwemibandela

Kwase kufika enkosini abesifazane ababili ababexegelwa yisimilo, bema phambi kwenkosi. Omunye wabo wathi: "Bayede, nkosi, mina nalo wesifazane sihlala endlini eyodwa. Ngibelethe nginaye endlini. Kuthe ngosuku lwesithathu ngibelethile, lo wesifazane naye wabeletha; besindawonye, kungekho omunye obenathi endlini; bekuyithi nje sobabili kuphela.

"Umfana walo wesifazane ufe ebusuku, ngokuba ulale phezu kwakhe. Uvuke phakathi kwamabili wathatha umfana wami eceleni kwami, incekukazi yakho isalele. Ube esembeka esifubeni sakhe, wabeka umfana wakhe ofileyo esifubeni sami. Lapho ngivuka ekuseni ukuze ngincelise umfana wami, ngithole ukuthi ubesefile. Kepha kuthe sekusile lapho sengimbhekisisa ngabona ukuthi akusiye umfana wami engimzeleyo."

Omunye wesifazane wayesethi: "Qha, lo mfana ophilayo ngowami, ofileyo ngumfana wakho."

Kepha yena wathi: "Qhabo bo, ofileyo ngumfana wakho, ophilayo ngumfana wami."

Baphikisana kanjalo phambi kwenkosi.

Inkosi yayisithi: "Omunye uthi: 'Ngowami lo mfana ophilayo, ngowakho umfana ofileyo;' omunye uthi: 'Qhabo bo, ngumfana wakho ofileyo, ngumfana wami ophilayo.' "

Yathi-ke inkosi: "Ngiletheleni inkemba."

Base beyiletha inkemba enkosini. Inkosi yayisithi: "Mklayeni phakathi umntwana ophilayo, ninike omunye ingxenye, nomunye ingxenye."

Owesifazane okungowakhe umntwana ophilayo wakhuluma enkosini, ngenxa yokuthi kwavuka izinseka ngomntwana wakhe, wathi: "Ngixolele, nkosi yami, mnike yena umntwana ophilayo, ungalokothi umbulale," kepha lo omunye, wathi: "Makangatholwa muntu phakathi kwami nawe; makaklaywe."

Inkosi yayisithatha, ithi: "Umntwana ophilayo mnikeni lona othe ningamklayi, ngokuba nguyena ongunina wakhe."

1 AMaKhosi 3:16-27

## Ucela uNkulunkulu ukuba amfundise ukukhulisa izingane zakhe

Owesifazane wahamba wabikela umyeni wakhe, wathi: "Kufike kimi umuntu kaNkulunkulu, isimo sakhe sifana nesengelosi kaNkulunkulu, esabeka kakhulu. Angimbuzanga ukuthi uvelaphi, futhi akangitshelanga igama lakhe, kodwa uthe kimi: 'Uzakukhulelwa, uzale indodana. Ngakho-ke ungaphuzi wayini nophuzo olunamandla, futhi ungadli lutho

olungcolileyo, ngokuba umfana uzokuba ngumnaziri kaNkulunkulu kwasesibelethweni kuze kube sosukwini lokufa kwakhe.' "

UManowa wayesekhuleka kuSimakade, wathi: "Nkosi, ngiyakunxusa, makuthi umuntu kaNkulunkulu obumthumile abuye eze kithi asifundise ukuthi siyakwenzenjani maqondana nomfana ozakuzalwa."

Abehluleli 13:6-8

**Ufundisa izingane zakhe ukuphila kahle**

Ndodana yami,
lalela ukuqondisa kukayihlo,
ungayedeleli imfundiso kanyoko,
iyoba ngumqhele wobuhle ekhanda lakho,
nomgexo entanyeni yakho.

IZaga 1:8-9

## Ungumzali emunye

**Kwesinye isikhathi, uba nezinkinga zemali aze acele usizo. Noma kunjalo, phakathi kwalezo zimo ezinzima, uzwa uthando uNkulunkulu amnakekela ngalo.**

Owesifazane othile owayegane omunye wamadodana abaphrofethi, waya ku-Elisha wakhala, wathi: "Inceku yakho, indoda yami, ifile, uyazi ukuthi inceku yakho yayimesaba uSimakade. Kufike umtshelekisi, ufuna ukuzithathela abafana bami ababili ukuze babe yizigqila."

U-Elisha wathi kuye: "Pho ngikwenzeleni mina? Ngitshele, unani endlini?"

Wathi: "Incekukazi yakho ayinalutho endlini ngaphandle komfuma wamafutha."

Wayesethi: "Hamba uyotsheleka izitsha ezingenalutho kubo bonke omakhelwane bakho, zibe ziningi. Ngena, uzivalele wena namadodana akho, uthele kuzo zonke lezo zitsha, uzibeke eceleni esezigcwele."

Wasuka kuye, wazivalela yena namadodana akhe; wona aletha kuye, yena wathela. Kwathi lapho izitsha sezigcwele, wathi endodaneni yakhe: "Sondeza kimi nesinye isitsha."

Kepha yathi kuye: "Akusekho sitsha."

Amafutha anqamuka-ke.

Weza, wabikela umuntu kaNkulunkulu. Yena wathi: "Hamba uthengise ngamafutha, ukhokhe isikweletu sakho, wena namadodana akho niphile ngaseleyo."

2 AMaKhosi 4:1-7

## Ungumalokazana

**IBhayibheli likhuluma ngoRuthi owayehlala ezweni lakwaMowabi. Kwathi lapho uninazala, uNawomi, esefelwe ngumyeni kanye namadodana akhe, wanquma ukubuyela eBhethlehema kwaJuda. URuthi wenqaba ukuba uNawomi aphindele kwelakubo eyedwa. Wathi:**

"Musa ukungincenga ukuba ngikushiye ngibuyele emuva, ngingahambi nawe, ngokuba lapho uya khona ngiyakuya khona nami, nalapho uhlala khona ngiyakuhlala khona nami. Abantu bakini bayakuba ngabakithi, noNkulunkulu wakho uyakuba nguNkulunkulu wami.  Lapho ufela khona, ngiyofela khona nami, ngingcwatshwe khona. USimakade akangiphe amandla kulesi sinqumo, angijezise ngokuphindiwe uma ngigudluka kuso; ngukufa kuphela okuyosehlukanisa."

URuthi 1:16-17

URuthi waphatha uninazala ngendlela ayephatha ngayo izihlobo zakhe, abanye babona ukuba ungumalokazana oqotho:

URuthi wakhothama wathi mbo ngobuso emhlabathini, wathi kuBhowazi: "Yini ukuba ube nomusa ongaka, uze unginakekele kangaka ngibe ngingowezizwe, na?"

UBhowazi wamphendula wathi: "Ngizwile ngakho konke okwenzele unyokozala emva kokufa komyeni wakho. Uze washiya uyihlo nonyoko nezwe owazalelwa kulo, weza kubantu ongakaze uhlale nabo phambilini Sengathi uSimakade uNkulunkulu ka-Israyeli oze ukuzokhosela phansi kwamaphiko akhe angakubusisa ngakho konke okwenzileyo, akuphe umvuzo opheleleyo."

URuthi 2:10-12

## Ungumamezala

### Akazifuneli okwakhe

Ngemva kokufa kwendoda yakhe kanye namadodana akhe, uNawomi watshela omalokazana bakhe ukuthi usenqume ukushiya kwaMowabi aphindele kwelakubo eBhethlehema. Wathi kubo:

"Hambani nibuyele emuva, yilowo nalowo abuyele endlini kanina; sengathi uSimakade anganenzela umusa, njengalokhu nani nenzile kubayeni benu, nakimi. Sengathi uSimakade anganenza nifumane ukuphumula, yilowo nalowo emzini womyeni wakhe."

URuthi 1:8-9a

## Ungumngane

### Uthandazela abangane bakhe

Njengokuba uJesu wathandazela abangane bakhe, kanjalo nowesifazane okholwayo uthandazela abangane bakhe:

"Simoni, Simoni, lalela la; uSathane unicelile ukuba anihlunge njengokolweni. Kepha Mina ngikunxusele ukuba ukukholwa kwakho kungapheli. Wena-ke, uma usuphendukile, uqinise abafowenu."

NgokukaLuka 22:31-32a

**Uxoxela abangane bakhe ngobuhlungu nangobumnandi bempilo**

"Noma-ke ngumuphi owesifazane ongathi enezinhlamvu zesiliva ezilishumi, alahlekelwe wuhlamvu olulodwa, angokheli isibani, ashanele endlini, alufunisise, aze aluthole na? Kuthi eselutholile ameme abangani nomakhelwane, athi: 'Thokozani nami, ngokuba ngilutholile uhlamvu lwami obelungilahlekele.' "

NgokukaLuka 15:8-9

**Unezeluleko ezinhle**

UNahamani, umkhuzi wempi yenkosi yase-Aramu, wayengumuntu omkhulu phambi kwenkosi yakhe, otusekayo, ngokuba uSimakade wayenze ukuba i-Aramu linqobe ngaye, futhi wayeyiqhawe elinamandla, kodwa wayenochoko.

Ama-Aramu ayephume ngamaviyo ukuyophanga, abuya kwa-Israyeli nentombazana encane eyayiyincekukazi yomkaNahamani. Yathi enkosikazini yayo: "Sengathi inkosi yami ingaya phambi komphrofethi oseSamariya, khona eyakuyiphilisa ochokweni lwayo."

Yangena, yatshela inkosi yayo yathi: "Intombazana yakwa-Israyeli yasho ukuthi nokuthi."

Inkosi yase-Aramu yayisithi: "Hamba uye khona; ngizakuthumela incwadi enkosini yakwa-Israyeli."

Wayesehla, wazicwilisa kasikhombisa eJordani njengokusho komuntu kaNkulunkulu; inyama yakhe yabuya yaba njengenyama yomntwana omncane, wahlambuluka.

Wayesebuyela kumuntu kaNkulunkulu, yena nabantu bakhe bonke, weza, wema phambi kwakhe, wathi: "Uyabona-ke, sengiyazi ukuthi akekho uNkulunkulu emhlabeni wonke, kodwa kwa-Israyeli kuphela, ngakho-ke ake wamukele isipho encekwini yakho."

2 AMaKhosi 5:1-5a,14-15

## Ungumfelokazi

**Kunzima ukuba abe yedwa**

Impilo kaNawomi yayibukeka imunyu ngemva kokushona komyeni wakhe kanye namadodana akhe:

Wabaphendula wathi: "Ningangibizi ngoNawomi; ngibizeni ngoMara, ngokuba uSomandla ungenzele okubi. Ngahamba nginakho konke, kodwa uSimakade ungibuyise ngize. Pho ningibizelani ngoNawomi, lokhu uSimakade ufakazile wamelana nami, uSomandla wangenzela okubi, na?"

URuthi 1:20-21

**Usemqoka kuNkulunkulu**

Kusemqoka kuNkulunkulu ukuba amakholwa kufanele anakekele abafelokazi:

Ukukholwa okumhlophe nokungangcolisiwe phambi kukaNkulunkulu uBaba yilokhu: ukuhambela izintandane nabafelokazi osizini lwabo, nokuba umuntu azigcine engenacala lokwezwe.

EkaJakobe 1:27

## Wahlukanisile

Noma kunezinto ezahlukeneyo ezahlukanisa abantu omunye komunye, akunalutho olungasahlukanisa nothando lukaNkulunkulu:

Ngubani oyakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo. Kanti ngubani ozakulahla ngecala na? NguKhristu uJesu owafayo, yebo owavuswa kwabafileyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguYena osinxuselayo. Pho ngubani ozakusehlukanisa nothando lukaKhristu na?

Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanoma yini enye edaliweyo; akuyukuba namandla okusehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu, iNkosi yethu.

KwabaseRoma 8:33-35a,38-39

## Ungowesifazane omunye

Izazimthetho nabaFarisi baletha kuye owesifazane owayebanjwe oqotsheni, ephinga. Bammisa phakathi kwabo, bathi: "Mfundisi, lo wesifazane ubanjwe oqotsheni, ephinga. Emthethweni, uMose wasiyala ngabanje ukuba bakhandwe ngamatshe. Ngakho-ke Wena uthini na?"

Babekusho lokhu bemlinga, ukuze babe notho lokummangalela. Kepha uJesu wakhothama, waloba ngomunwe emhlabathini. Kuthe besambuza waphakama, wathi kubo: "Ongenasono phakathi kwenu makabe ngowokuqala ukumkhanda ngetshe."

Waphinde wakhothama, waloba emhlabathini.

Bathi ukuzwa lokho, baphuma ngamunye ngamunye, kuqala kwabadala kwaze kwaba ngabokugcina. UJesu wasala yedwa nowesifazane emile khona lapho. UJesu waphakama wathi kuye: "Sifazane, baphi labo abakumangaleleyo na? Akekho yini okulahla ngecala na?"

Waphendula, wathi: "Akukho noyedwa, Nkosi."

UJesu wathi kuye: "Nami angikulahli ngacala. Hamba, ungabe usona."

NgokukaJohane 8:3-11

Owesifazane eBhayibhelini

# uphila enobudlelwano naye ngokwakhe

**Nsukuzonke uziphilela ngokwakhe kuwo womabili amazinga, izinga likamoya nelomzimba, uyaqaphela ukuba uNkulunkulu uyakhathazeka ngobuntu bakhe ngokupheleleyo.**

**Uphinde ufumane: Nginguye owesifazane!**

## Uyaqaphela ukuba udalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu

UNkulunkulu wamdala umuntu waba ngumfanekiso wakhe, wamenza ukuba afuze Yena, wabadala owesilisa nowesifazane.

IGenesisi 1:27

## Unakekela umzimba wakhe

Anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele eninaye, enimemukele evela kuNkulunkulu, nokuthi anizimele ngokwenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mngcweliseni uNkulunkulu emizimbeni yenu.

1 KwabaseKhorinte 6:19-20

## Uyazihlonipha, akasiwo umbukiso

Ngosuku lwesikhombisa, inkosi seyeneme kakhulu ngenxa yewayini, yayala abathenwa ababengabasizi bayo, uMehumani, uBhizitha, uHaribhora, uBhigitha, u-Abigitha, uZethari noKarikhasi, ukuba balethe indlovukazi uVashiti ifake umqhele wobundlovukazi. Indlovukazi yayingowesifazane omuhle, inkosi yayifuna ukubukisa ngobuhle bayo kubantu nasezikhulwini. Kodwa indlovukazi uVashiti yenqaba ukuza njengoba kwakuyaleze inkosi kubathenwa.

U-Esteri 1:10-12a

## Uyaqonda ukuthi ubuyena busemqoka kakhulu kunokubukeka kwakhe

Ukuhloba kwenu makungabi ngokungaphandle, okokwaluka izinwele, okokufaka igolide, noma okokugqoka izingubo ezikhangayo, kepha makube ngumuntu osekusithekeni enhliziyweni, ohloba

ngokungabhubhiyo komoya omnene onokuthula, okuyigugu phambi kukaNkulunkulu. Ngokuba babekade bezihlobisa kanjalo abesifazane abakholwayo, labo abethemba uNkulunkulu, futhi bewathobela amadoda abo.

1 KaPhethro 3:3-5

## Uyaqonda ukuthi uNkulunkulu unenjongo ekhethekileyo ngaye njengoba eseyintombi nje

Nongaganile, oyintombi, ukhathalela okweNkosi, ukuze abe ngcwele emzimbeni nasemoyeni. Kepha oganileyo ukhathalela okwezwe ukuthi angayithokozisa kanjani indoda yakhe.

1 KwabaseKhorinte 7:34b

## Uyaqonda ukuthi uNkulunkulu unenjongo ekhethekileyo ngaye njengoba engowesifazane osemdala nje

Kanjalo nabesifazane abadala mabaziphathe ngokufanele ubungcwele, bangabi yizinhlebi, nezigqila zewayini, kodwa babe ngabafundisi bokuhle, ukuze bagqugquzele abesifazane abasebasha ukuba bathande abayeni babo, nabantwana babo, babe ngabanengqondo, abamsulwa, abaphatha kahle amakhaya abo, abalungile, abathobela abayeni babo, ukuze lingahlanjalazwa izwi likaNkulunkulu.

KuThithu 2:3-5

# Owesifazane eBhayibhelini
# unemizwa

**Imizwa yakhe iyinxenye ebaluleke kakhulu ekubeni kwakhe ngowesifazane. Uzizwela kakhulu intokozo yempilo. Kodwa ngezinye isikhathi ubuye abe nemizwa engemnandi efana nokuba munyu, ukudangala, noma ukuzibukela phansi.**

**Ubuye ufumane futhi: Nginguye owesifazane!**

## Uzwa imizwa yakhe ngokujulileyo

UHana wakhuleka wathi:

> "Inhliziyo yami iyethaba kuSimakade,
> uSimakade ungiqinisile,
> manje nginempendulo ezitheni zami,
> ngiyathokoza,
> ngokuba ungikhulule."

1 USamuweli 2:1

## Uzizwa edabukile futhi edangele

EBhayibhelini, uHana ungowesifazane onjalo:

Isitha sakhe sasimchukuluza ukuze simthukuthelise, ngokuba uSimakade wayesivalile isibeletho sakhe. U-Elikhana wayenza kanjalo minyaka yonke, uma enyukele endlini kaSimakade. UPhenina wayemchukuluza njalo uHana, ngakho-ke wakhala, akaze adla lutho.

Umphefumulo wakhe wawunomunyu kakhulu; wakhuleka kuSimakade, wakhala kabuhlungu.

1 USamuweli 1:6-7,10

## Uzizwa enomunyu ngenxa yalokho okwenzakala kuye

Wabaphendula wathi: "Ningangibizi ngoNawomi; ngibizeni ngoMara, ngokuba uSomandla ungenzele okubi. Ngahamba nginakho konke, kodwa uSimakade ungibuyise ngize. Pho ningibizelani ngoNawomi, lokhu uSimakade ufakazile wamelana nami, uSomandla wangenzela okubi, na?"

URuthi 1:20-21

## Uyaqonda ukuthi akunasidingo sokuzibukela phansi

NguWena owenza izinso zami,
wangiphica ngisesesibelethweni
sikamame.
Ngiyakukubonga ngokuba ngenziwa
ngokwesabekayo
nangokumangalisayo;
imisebenzi yakho iyamangalisa,
umphefumulo wami ukwazi kahle.
Amathambo ami ayengafihlekile kuwe
lapho ngenziwa ekusithekeni,
ngibunjwa ezindaweni
ezijulileyo zomhlaba.
Amehlo akho angibona ngiseyihlule,
zonke izinsuku zami zalotshwa
encwadini yakho,
zanqunywa, lungakafiki
nolulodwa kuzo!

AMahubo 139:13-16

Owesifazane eBhayibhelini

# ungowesifazane osebenzayo

**Ungowesifazane onemisebenzi eminingi ebheke yena. Uyaqinisekisa ukuba konke kuhamba kahle ekhaya, umyeni wakhe nezingane zakhe bathokozile futhi banakekeleke kahle, kanti futhi ufuna ukwakha ikusasa.**

**Ubuye ufumane futhi: Nginguye owesifazane!**

## Uyaqonda ukuthi umsebenzi ungumusa

Akukho okungcono okungenziwa ngumuntu ngaphandle kokuthi adle, aphuze, aneliseke ngomsebenzi wakhe. Nalokho futhi ngakubona ukuthi kuvela esandleni sikaNkulunkulu, ngokuba ngaphandle kwakhe, ngubani ongadla noma athokoze na?

UMshumayeli 2:24-25

## Ukhonza iNkosi nanxa ecindezelekile emsebenzini

Inkosi yaseGibhithe yathi kubabelethisi bamaHebheru, okwakungoShifira noPhuwa: "Lapho nibelethisa abesifazane bamaHebheru sebesesigqikini sokubeletha, nibona ukuthi ngumfana, niyakumbulala, kodwa uma kuyintombazane niyiyeke iphile."

Kepha ababelethisi babemesaba uNkulunkulu, abazange benze njengokuyala kwenkosi yaseGibhithe, kodwa babayeka abafana baphila.

I-Eksodusi 1:15-17

## Uzama ukusebenzisa isikhathi sakhe ngokufaneleyo

Konke kunesikhathi sakho,
yonke indaba inomzuzu wayo
phansi komthunzi welanga.

UMshumayeli 3:1

## Ungunomabhizinisi okholwayo

Ngosuku lweSabatha, saphumela ngaphandle kwesango ngasemfuleni, lapho esasifuna kube yindawo yokukhuleka. Sesihleli phansi, sakhuluma nabesifazane ababebuthene lapho. Owesifazane othile, ogama lakhe linguLidiya, wasemzini waseThiyathira, othengisa

ezibukhwebezane, okhonza uNkulunkulu, walalela. INkosi yayivula inhliziyo yakhe ukuba alalelisise lokho okwakukhulunywa nguPawula. Kuthe esebhabhadisiwe nabendlu yakhe, wasincenga wathi: "Uma nithi ngethembekile eNkosini, ngenani endlini yami, nihlale khona."

Wasehlula.

IZenzo 16:13-15

## Unekhono elikhulu

Ngubani ongathola umfazi
woqobo na?
Uyigugu eledlula inani lamarubhi.
Inhliziyo yomyeni wakhe
iyamethemba,
ayiyukulahlekelwa yinzuzo.
Uyayenzela okuhle, hhayi okubi,
zonke izinsuku zokuphila kwakhe.
Ufuna uboya bezimvu nefilakisi,
asebenze ngokuzimisela
ngezandla zakhe.
Unjengemikhumbi yabahwebi,
ukudla kwakhe ukulanda
kwelikude izwe.
Uvuka ngovivi alungisele umndeni
wakhe ukudla,
abele amantombazane amsizayo
imisebenzi azoyenza.
Ubona insimu, ayithenge;
ngezikhwepha zakhe, utshala isivini.
Ubhinca amandla okhalo lwakhe,
aqinise izingalo zakhe.
Uyaqaphela ukuthi akwenzayo
kunenzuzo,
isibani sakhe asincinywa nasebusuku.
Ubeka izandla zakhe
othini lokuphotha izintambo,
neminwe yakhe ibamba
insimbi kakotini.
Uyamvulela ohluphekayo
isandla sakhe,
yebo, uyabapha nabantulayo.
Akanaluvalo ngabendlu yakhe
ngesikhathi seqhwa,
ngokuba umndeni wakhe
uwugqokisa ezibubende.
Uyazenzela izingubo zokuzemboza;
izembatho zelineni elicolekileyo
nokubukhwebezane.
Indoda yakhe iyahlonishwa
emasangweni
ngesikhathi ihleli namalunga ezwe.
Wenza izingubo zelineni, azithengise,
athengisele abahwebi amabhande.
Wembethe amandla nesithunzi,
isikhathi esizayo usemukela
ngentokozo.
Uma evula umlomo wakhe
kuphuma ukuhlakanipha,
nesifundiso somusa sisolimini lwakhe.
Unakekela okwenzeka emzini wakhe,
akasidli isinkwa sobuvila.
Abantwana bakhe bayasukuma
bambusise;
nendoda yakhe iyamtusa, ithi:

"Baningi abesifazane abakhutheleyo,
kepha wena ubedlula bonke."

Ubuhle buyinkohliso,
nokubukeka kuyize,
kepha owesifazane
owesaba uSimakade uyakudunyiswa.
Mnike isabelo emsebenzini
wezandla zakhe,
mabawudumise umsebenzi
wakhe emasangweni.

IZaga 31:10-31

# Owesifazane eBhayibhelini
# wenza umahluko

**Ungowesifazane ofuna ukufaka isandla ekhaya nasemphakathini. Unesibindi sokukhulumela abesifazane emphakathini ukuze enze umhlaba ube yindawo engcono. Ube nokuqonda ubizo lwakhe uNkulunkulu ambize ngalo, ngaleyo ndlela uphila impilo yakhe ngokugcweleyo.**

**Ubuye ufumane futhi: Nginguye owesifazane!**

## Uyalamula

Babusisiwe abalamulayo,
ngokuba bayakuthiwa ngabantwana bakaNkulunkulu.

NgokukaMathewu 5:9

## Umela lokho okulungileyo

Kwase kusondela amadodakazi kaZelofehadi kaHeferi kaGileyadi kaMakhiri emndenini kaManase, indodana kaJosefa. Nanka amagama amadodakazi akhe: kwakunguMahela, uNowa, uHogila, uMilikha noThiriza. Ama ngasemnyango wethende lokuhlangana phambi koMose, u-Eleyazare umphristi, abaholi, nayo yonke inhlangano, athi: "Ubaba wafela ehlane, wayengekho phakathi kweviyo labavukela uSimakade, iviyo likaKhora. Kepha wafela esakhe isono engenandodana. Kungani igama likababa likhishiwe emndenini wakhe, yingoba engenandodana na? Sabeleni nathi ifa phakathi kwabafowabo bakababa."

UMose walwethula udaba lwawo kuSimakade. USimakade wakhuluma kuMose, wathi: "Amadodakazi kaZelofehadi akhulume kahle. Uyakuwabela nokuwabela izwe eliyifa lawo kubafowabo bakayise, uledlulisele kuwo."

UNumeri 27:1-7

## Wenza okulungileyo ngesikhathi esifaneleyo

U-Esteri inkosikazi wacelwa nguMoridekhayi owayengumondli wakhe ukuba ancenge inkosi ibe nomusa ebantwini bakubo. UMoridekhayi wayezwe ngandlebenye ngozungu lokusizila amaJuda ayehlala embusweni wamaPheresiya. Noma ekuqaleni u-Esteri wayengabaza, wagcina evumile ukwenza okufaneleyo. Wathumela izwi kuMoridekhayi:

"Zonke izikhulu zenkosi nalezo ezihlala ezifundazweni ziyazi ukuthi noma ngabe ngowesilisa noma ngowesifazane ongena egcekeni lenkosi elingaphakathi engabiziwe yiyo, ubhekana namthetho munye ofanayo wokuba abulawe,

ngaphandle uma inkosi imkhombe ngentonga yayo yegolide, lowo angaphila. Kodwa mina ayingibizile inkosi kulezi zinsuku ezingama-30."

Bambikela uMoridekhayi ngokwakushiwo ngu-Esteri. Wayesebuyisela impendulo ngabo, ethi ku-Esteri: "Ungacabangi ukuthi ngoba wena usesigodlweni uzosinda kubo bonke abaJuda. Uma uthula ngesikhathi esifana nalesi, usizo nokukhululwa kwabaJuda kuzovela ndawana thize, kodwa wena nabendlu kayihlo nizobhubha. Ngubani owaziyo? Mhlawumbe ungene embusweni waba yindlovukazi ngenxa yesikhathi esifana nalesi."

U-Esteri wawuphendula umlayezo kaMoridekhayi, wathi: "Hamba uqoqe bonke abaJuda abahlala eShushani; nizile ngenxa yami, ningadli, ningaphuzi kuze kuphele izinsuku ezintathu, imini nobusuku. Mina nezintombi ezingisebenzelayo sizozila njengani; ngiyobe sengiyake enkosini noma kungukwephula umthetho lokho. Uma ngibhubha, mangibhubhe."

U-Esteri 4:11-16

## Ukhathalela ukuzwana

Ngiyabayala o-Ewodiya noSintike ukuba babe nokuqonda okufanayo eNkosini. Yebo, ngiyakunxusa nawe mhlobo wami oqotho, ukuba ubalekelele labo besifazane, ngokuba bahlanganyela nami evangelini, benoKlemente nezinye izisebenzi zami, amagama azo alotshiwe encwadini yokuphila.

KwabaseFiliphi 4:2-3

# Owesifazane eBhayibhelini
# ungumholi wokomoya

**Uzimisele, uma ecelwa, ukuthatha ubuholi bokomoya. Akusho ukuthi usengumfundisi, kodwa uyalalela lapho uNkulunkulu embiza ukuba afakaze, asize labo abanezidingo zokomoya, nokuholela abantu babuyele kuye uNkulunkulu. Ulalela uNkulunkulu aphinde enze umsebenzi wakhe esontweni.**

**Ubuye ufumane futhi: Nginguye owesifazane!**

## Uzimisele ukuzinikela uma iNkosi imbiza

Ngenxa yokungalaleli kwawo, iNkosi yaholela ama-Israyeli ukuba ehlulwe nguJabhini inkosi yaseKhanani:

Abantu bakwa-Israyeli base bekhala kuSimakade becela usizo.

Ngaleso sikhathi uDebhora umphrofethikazi, umkaLaphidothi, wayengumehluleli kwa-Israyeli. Wayevame ukuhlala phansi kwesihlahla sesundu sikaDebhora, phakathi kweRama neBhethele kwelezintaba kwa-Efrayimi. Abantu bakwa-Israyeli babenyukela kuye ukuba abehlulele. Wathumela eKedeshi kwaNafethali ukuba kubizwe uBharaki, indodana ka-Abhinowami, wathi kuye: “USimakade, uNkulunkulu ka-Israyeli, ukuyale wathi: ‘Hamba umise entabeni iThabori, uthathe amabutho ayizi-10 000 ozalweni lukaNafethali nolukaZebuloni uye nawo entabeni iThabhori. Ngizokumyenga uSisera, umkhuzi wempi kaJabhini nezinqola zakhe zempi namabutho akhe, ukuba babhekane nawe ngasemfuleni iKhishoni, ngizakumnikela esandleni sakho.’ ”

UBharaki wathi kuye: “Uma uhamba nami, ngizokuya, kodwa uma ungahambi nami, ngeke ngihambe.”

UDebhora wathi: “Ngizohamba nawe, kodwa-ke indlela oyithathayo manje ayizukukunika udumo, ngokuba uSimakade uyomnikela uSisera esandleni sowesifazane.”

UDebhora wasukuma, wahamba noBharaki, baya eKedeshi.

Abehluleli 4:3a,4-9

## Ungowesifazane onesimilo

Ngokunjalo nabesifazane mababe ngabahloniphekileyo, abangahlebi, abazithibayo, futhi abathembekile ezintweni zonke.

1 KuThimothewu 3:11

## Usebenzisa iziphiwo zakhe

Njengalokhu sinezitho eziningi emzimbeni munye, kepha izitho zonke azenzi msebenzi munye, kanjalo nathi esibaningi, nokho simzimba munye kuKhristu, kepha ngabanye siyizitho, omunye esomunye. Sinezipho zomusa ezahlukeneyo ngokomusa esiwuphiweyo: uma kungesokuphrofetha, asiphrofethe ngesilinganiso sokukholwa. Uma kungesokukhonza, kube sekukhonzeni; esokufundisa, kube sekufundiseni; esokugqugquzela, kube sekukhuthazeni; esokuphana, aphane ngokukhululeka; esokuhola, ahole ngenkuthalo; kanye nesesihe, akwenze ngentokozo.

KwabaseRoma 12:4-8

## Ungumholi okhonzayo

Kepha uJesu wababiza, wathi: "Niyazi ukuthi ababusi bezizwe bazithwalisa kanzima, nezikhulu zazo ziziphethe ngamandla anzima. Nokho akuyukuba njalo phakathi kwenu, kodwa yilowo nalowo ofuna ukuba mkhulu phakathi kwenu, makabe yisikhonzi senu. Nalowo ofuna ukuba ngowokuqala phakathi kwenu, makabe yinceku yenu, njengalokhu iNdodana yomuntu ingezelanga ukukhonzwa, kodwa ukukhonza nokunikela ngokuphila kwayo, kube yisihlengo sabaningi."

NgokukaMathewu 20:25-28

## Ungumholi onomusa

Uma evula umlomo wakhe
kuphuma ukuhlakanipha,
nesifundiso somusa sisolimini lwakhe.

IZaga 31:26

## Uyababuyisa labo abalahlekileyo endleleni

Bazalwane bami, uma omunye wenu ephambuka eqinisweni, omunye ambuyise; yazini ukuthi lowo obuyise isoni ekudukeni kwaso endleleni uyakusindisa umphefumulo wakhe ekufeni, asibekele izono eziningi.

EkaJakobe 5:19-20

## Utshela wonke umuntu ukuthi uJesu uyiNkosi evukileyo kwabafileyo

UJesu wahlangana nabo, wathi: "Sanibona."

Basondela babamba izinyawo zakhe, bakhuleka kuye. UJesu wayesethi kubo: "Ningesabi; hambani, nibikele abafowethu ukuba bahambe baye eGalile; bayakungibona lapho."

NgokukaMathewu 28:9-10

## Ulandela iNkosi kuze kube sekugcineni

Kepha induna yekhulu eyayimi lapho iqondene naye, kwathi lapho imbona efa, yathi: "Impela lo muntu ubeyiNdodana kaNkulunkulu."

Kwakukhona nabesifazane ababebukela, bebuqamama. Phakathi kwabo kwakukhona uMariya Magdalena, uSalome, uMariya ozala uJakobe omncane noJose. Laba babengabalandeli bakaJesu eseseGalile, bemkhonza. Kwakunabanye futhi abesifazane abaningi ababenyukele naye eJerusalema.

NgokukaMakhu 15:39-41

## Ushiya ifa lokomoya

Ngiyambonga uNkulunkulu engimkhonzayo ngonembeza omsulwa kusukela kokhokho, njengokuba ngikukhumbula njalo emikhulekweni yami ubusuku nemini, ngilangazelela ukukubona; ngikhumbula izinyembezi zakho, ukuze ngigcwaliswe ngentokozo. Lokho kungikhumbuza ukukholwa kwakho okungenakho ukuzenzisa, okwaqala kugogo wakho uLuwisi nakunyoko uYunisi, futhi nginesiqiniseko sokuthi kukhona nakuwe.

2 KuThimothewu 1:3-5

## Kwesinye isikhathi, owesifazane eBhayibhelini

# uyahlupheka

**Uyaqaphela ukuba yonke into empilweni ayenzeki ngaso sonke isikhathi ngendlela athanda kwenzeke ngayo. Kwesinye isikhathi, uyakhubeka kakhulu uma abanye bemnyathela, bemhlukumeza, noma uma izinto zingahambi ngendlela abefisa ngayo. Kwesinye isikhathi kunzima ukukhohlwa izinto ezadlulayo empilweni yakhe, kodwa ngezinye izinkathi uyakwazi ukukhuluma noNkulunkulu ngezinhlupheko zakhe nokubhekana ngqo nezinhlungu zakhe. Uyafumana ukuba phezu kwakho konke okwenzakele kuye esikhathini esidlulileyo, usengaqalisa kabusha.**

**Uphinde ufumane: Nginguye owesifazane!**

## Uphethwe yisifo esingelapheki

Kunabesifazane abaningi namhlanje abahlushwa yizifo ezifana ne-HIV/Aids kanye nomdlavuzo.

### Izinhlungu zakhe uzisa eNkosini

Ngolunye usuku kwabuthana isixuku esikhulu kuJesu.

Kwakukhona owesifazane owayenomopho iminyaka eli-12. Wayehluphekile kakhulu, ehla enyuka ezinyangeni eziningi, futhi esechithe konke ayenakho, kodwa kunhlanga zimuka nomoya; kubhebhetheka okwakumphethe. Esezwile ngoJesu, waya esixukwini ngasemuva, wathinta ingubo kaJesu, ngokuba wathi: "Uma nje ngingathinta izingubo zakhe, ngizakusindiswa."

Masinyane, umthombo wegazi lakhe wanqamuka, wezwa emzimbeni wakhe ukuthi usesindile esifeni ebesimhlupha.

Kwathi uJesu angezwa kuye ukuthi amandla aphumile, waphendukela esixukwini, wathi: "Ngubani othinte izingubo zami na?"

Abafundi bakhe bathi kuye: "Ingani uyabona ukuthi isixuku sikuminyanisile. 'Pho ubuzelani ukuthi ngubani okuthintileyo na?' "

Waqalaza ukuba abone ukuthi ngubani owayenze lokho. Kepha owesifazane ekwazi okwakwenzekile kuye, wesaba, wathuthumela, weza waziphonsa phansi phambi kukaJesu, wamtshela lonke iqiniso. UJesu wayesethi kuye: "Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile, hamba ngokuthula; uphulukisiwe enhluphekweni yakho."

NgokukaMakhu 5:25-34

**Udinga ukunakekelwa**

Uma efundisa ngokwahlulelwa kokugcina, uJesu wathi kubafundi bakhe:

"INkosi iyakuthi kwabangakwesokunene sayo: 'Zanini nina enibusiswe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba. Ngokuba ngangilambile, nangipha ukudla; ngangomile, nangiphuzisa; ngangingumfokazi, nangingenisa; ngihamba ze, nangembathisa; ngangigula, nangihambela; ngangisejele, nangivakashela.'

"Khona abalungileyo bayakuyiphendula, bathi: 'Nkosi, sakubona nini ulambile, sakupha ukudla; noma womile, sakuphuzisa na? Sakubona nini ungumfokazi, sakungenisa ezindlini zethu; noma uhamba ze, sakwembathisa na? Sakubona nini ugula, noma usejele, sakuvakashela na?'

"INkosi iyakuphendula, ithi kubo: 'Ngiqinisile ngithi kini, njengokuba nakwenza lokho kulaba bafowethu abancane, nakwenza kimi uqobo.'"

NgokukaMathewu 25:34-40

## Uzizwa edinga kakhulu ngokungabi namntwana kwakhe

URaheli ebona ukuthi akamzalele bantwana uJakobe, waba nomona ngodadewabo, wayesethi kuJakobe: "Nginike abantwana; kungenjalo ngizokufa."

IGenesisi 30:1

## Uyahlupheka ngenxa yomntanakhe ongakwazi kahle ukukhetha

U-Esawu wakhula waze wahlanganisa iminyaka engama-40. Wayeseganwa nguJudithi, indodakazi kaBheri, umHithi, noBhasematha indodakazi ka-Eloni, umHithi. Labo malokazana baletha olukhulu usizi emphefumulweni ka-Isaka noRibheka.

IGenesisi 26:34-35

URibheka wayesethi ku-Isaka: "Ngikhathazekile ngempilo yami ngenxa yabesifazane bamaHithi. Uma uJakobe naye engase aganwe ngenye yezintombi zamaHithi akule ndawo, ngiyothi ngisaphilelani na?"

IGenesisi 27:46

## Uhlushwa yizinto ezadlulayo ezingemnandi empilweni yakhe

Kunezinhlungu eziningi ezidlulileyo empilweni yakhe ezidalwe yindlela akhetha ngayo noma ezidalwe ngabanye abantu. Uyaqonda ukuba inkululeko ezinhluphekweni zakhe ingafumaneka kuphela eNkosini, kodwa uzwa enecala kakhulu ukuba angakhuluma neNkosi ngalokho. Kodwa ubuye afumane ukuba othandweni lwayo kunokuxolela okungenamibandela kanye nethemba elikhanyayo lempilo entsha.

Owesifazane wakulowo muzi, owayeyisoni, esezwile ukuthi uJesu usesidlweni endlini yomFarisi, waya khona ephethe umfuma wamafutha ngojeke we-alabhasta. Wema ngemuva kukaJesu, ngasezinyaweni zakhe, ekhala. Waqala ukumatisa izinyawo zikaJesu ngezinyembezi zakhe, wayesezesula ngezinwele zakhe, wazanga izinyawo ephindelela, wayesezigcoba ngamakha. Kepha lapho umFarisi owayemmemile ekubona lokhu, wadlinza wathi: "Lo muntu ukuba ubengumphrofethi, ngabe wazile ukuthi ngubani futhi uluhlobo luni lo wesifazane omthintayo, ngokuba uyisoni."

UJesu wamphendula, wathi kuye: "Simoni, kukhona engifuna ukukutshela khona."

Wathi: "Mfundisi, ngitshele."

"Umbolekisi othile wayenabantu ababili ababemkweleta. Omunye wayekweleta odenariyu abangama-500, omunye ekweleta odenariyu abangama-50. Lokhu babengenalutho lokumkhokhela, wabaxolela bobabili. Imuphi kulaba oyakumthanda kakhulu na?"

USimoni waphendula wathi: "Ngicabanga ukuthi yilowo oxolelwe kokuningi."

UJesu wathi kuye: "Uyihlabe esikhonkosini."

Waphendukela kowesifazane, wathi kuSimoni: "Uyambona lo wesifazane na? Ngingene endlini yakho, awunginikanga amanzi okugeza izinyawo, kodwa lo wesifazane umantisile izinyawo zami ngezinyembezi zakhe, wazesula ngezinwele zakhe. Awunganganga, kepha lo wesifazane, yilokhu ngingenile, akazange ayeke ukwanga izinyawo zami. Awuligcobanga ikhanda lami ngamafutha, kepha lo wesifazane uzigcobile izinyawo zami ngamafutha. Ngenxa yalokho, ngithi kuwe: izono zakhe eziningi zithethelelwe, ngokuba uveze uthando olukhulu. Kepha lowo othethelelwe okuncane, uthanda kancane."

Wayesethi kowesifazane: "Izono zakho zithethelelwe."

Ababehleli naye esidlweni baqala ukukhuluma bodwa, bethi: "Ngubani kanti lo, othethelela nezono na?"

Kepha wathi kowesifazane: "Ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba, ngokuthula."

NgokukaLuka 7:37-50

## Udlwenguliwe

**Akunasidingo sokuzizwela enecala ngalokho. Ngumdlwenguli onecala.**

"Uma indoda ithola endle intombi eyingoduso, bese iyibamba, ilale nayo, kuyokufa kuphela indoda elale nayo. Ungayenzi lutho intombi, ngokuba ayinasono esifanele ukuba ife, lokhu leyo

ndaba ifana nokuthi umuntu avukele umakhelwane wakhe, ambulale, ngoba indoda iyifumane endle; noma intombi eyingoduso ikhalile, kodwa bekungekho muntu obengayihlenga."

IDutheronomi 22:25-27

**Uyakhala ngokuba u-"cha" wakhe akazange emukeleke**

Wayesethi u-Amnoni kuThamari:

"Letha ukudla lapha kimi ekamelweni lami khona uzongifunza."

UThamari wawathatha amaqebelengwane ayewenzile, wawaletha ku-Amnoni, umfowabo, ekamelweni. Kwathi lapho ethi uyawaletha ukuba adle, wambamba, wathi kuye: "Woza ulale nami, dadewethu."

UThamari wathi kuye: "Qha, mnewethu, ungangiphoqi; akwenziwa lokhu kwa-Israyeli. Ungalokothi wenze lobu buwula. Mina-ke ngiyoshona kuphi nalelo hlazo na? Nawe usuyofana neziwula zakwa-Israyeli. Ngakho-ke ake ukhulume nenkosi, ngeke ikwenqabele ukuba ungithathe."

Akavumanga ukulalela izwi lakhe. Ngenxa yokuthi wayenamandla kunaye, wamphoqa, walala naye.

U-Amnoni esekwenzile lokho wamzonda uThamari ngenzondo eyedlula uthando ayenalo ngaye phambilini. U-Amnoni wayesethi kuThamari: "Vuka uhambe."

Yena wathi kuye: "Lobu bubi bokungixosha bukhulu kunalokhu okunye okwenze kimi."

Kepha u-Amnoni akavumanga ukumlalela. Wayesebiza inceku yakhe eyayimsebenzela, wathi: "Mkhiphele phandle lo wesifazane, umsuse lapha kimi, bese ukhiya umnyango uma esephumile."

UThamari wayegqoke ingubo ende, enemikhono emide, ngokuba amadodakazi enkosi ayeyizintombi ayengqoka kanjalo. Leyo nceku yamkhiphela phandle, yayisihluthulela umyango ngesikhiye lapho esephumile. UThamari wayesezithela ngomlotha ekhanda, wayiklebhula ingubo yakhe enemibala ayeyigqokile, wathwala izandla ekhanda, wahamba elokhu ekhala.

U-Absalomu umnewabo wathi kuye: "Ubenawe yini umnewenu, u-Amnoni na? Thula, dadewethu; ungumnewenu, ungayibeki inhliziyo yakho kule nto."

UThamari wahlala eyisikhwebu endlini ka-Absalomu, umnewabo.

2 USamuweli 13:10-20

## Uyahlukumezeka

Kwakukhona umLevi owayesohambweni nesancinza sakhe, balala ubusuku edolobheni abangalaziyo. Omunye wabahlali balapho wabanika indawo yokulala ngalobo busuku. Kwathi kusihlwa besadla bephuza, kwenzeka into embi:

Besazijabulisa, kwatheleka abantu bakulowo muzi, ababekhohlakele kakhulu, bazungeza indlu, baqala ukungqongqotha emnyango, bethi ekhehleni elingumninindlu: "Khiphela phandle umuntu ongenise endlini yakho ukuze silale naye."

Ikhehla, umninindlu laphumela kubo, lathi: "Qha, bafowethu, ningabenzi lobu bubi obungaka. Njengoba le ndoda ingenise endlini yami, ningabenzi lobu buwula obuyihlazo. Bhekani, nansi indodakazi yami, eyintombi, nesancinza sale ndoda, ngizakukhipha bona, nenze kubo noma yini eniyibona ilungile emehlweni enu, kodwa kule ndoda, aniyukubenza lobu buwula obuyihlazo."

Kepha abantu abafunanga ukulilalela. Leyo ndoda yabamba isancinza sayo, yasikhiphela kubo phandle. Basidlwengula, basihlukumeza ubusuku bonke kwaze kwasa. Ekuthatheni kokusa basidedela sahamba. Ekuseni ngovivi lona wesifazane wafike wawela ngasemnyango wendlu yalelo khehla, lapho inkosi yakhe yayikhona, kwaze kwasa.

Ekuseni inkosi yakhe yavuka, yavula iminyango yendlu, lapho iphuma ukuze ihambe; bheka, nasiya isancinza sayo siwile ngasemnyango wendlu, izandla zaso ziphezu kombundu. Yathi kuso: "Vuka, sihambe," kodwa kasiphendulanga. Yase isigibelisa embongolweni, yasuka, yaya endaweni yayo.

Abehluleli 19:22-28

## Ukhuluma noNkulunkulu ngezinhlupheko zakhe

U-Isaka wamkhulekela kuSimakade uRibheka umkakhe, ngokuba wayengabatholi abantwana, iNkosi yawuzwa umkhuleko wakhe, uRibheka wakhulelwa. Abantwana babeqhubukushana ngaphakathi kuye, waze wathi: "Uma kuzoba nje, pho ngisaphilelani na?"

Wayeseyobuza kuSimakade. USimakade wathi kuye:

"Esibelethweni sakho kukhona
izizwe ezimbili;
izinhlobo ezimbili zabantu
ozozizala.
Ziyakwehlukana ezibilini zakho;
esinye isizwe siyakwehlula esinye,
omkhulu akhonze omncane."

IGenesisi 25:21-23

## Uyazi ukuba angaqalisa kabusha, angabheki okwadlulayo empilweni yakhe

Ngokukholwa, uRahabi isifebe, akabhubhanga nalabo ababengalalelanga, ngokuba wemukela izinhloli ngokuthula.

KumaHebheru 11:31

## Uyazi ukuba izinto zizobuye zihambe kahle

Sikhulule, Simakade,
ekuthunjweni kwethu,
sibe njengemifula eningizimu.
Abahlwanyela ngezinyembezi
bayakuvuna ngokuthokoza.

Lowo ohamba ekhala,
ephethe imbewu,
uyakubuya ngokuthokoza,
ethwele izinyanda zakhe.

AMahubo 126:4-6

# Isiphetho

**Imibhalo ekule ncwajana iveza izinhlangothi ezahlukileyo zabesifazane. Siyethemba ukuthi izindima lezi zikusizile ukuzwisisa kangcono amaqiniso empilo yabesifazane namhlanje. Kwesinye isikhathi lelo qiniso libi, futhi iBhayibheli alizami ukukuvala lokho, kodwa emBhalweni ungafumana ithemba mayelana nesimo esithize ozithola ukusona. Ungafumana indlela uma ngabe ulahlekile, ungafumana amandla uphinde ududuzwe. Kukho konke ungafumana inselelo eBhayibhelini. Siyethemba ukuthi imiBhalo ekule ncwajana ikhulumisene nawe yakusiza esimeni esiqondene nawe.**

# Abesifazane abasemqoka eBhayibhelini

## Abesifazane eThestamenteni eliDala

| | |
|---|---|
| U-Eva | IGenesisi 2:21 – 3:24 |
| USarayi | IGenesisi 16:1-9 |
| URibheka | IGenesisi 24:1-67; 27:1-45 |
| URaheli noLeya | IGenesisi 29:1-30 |
| Ababelethisi uShifira noPhuwa | I-Eksodusi 1:15-21 |
| UMiriyamu | I-Eksodusi 15:20-21 |
| Amadodakazi KaZelofehadi | INumeri 27:1-7 |
| URahabi | UJoshuwa 2:1-21; 6:15-25 |
| UDebhora | Abehluleli 4:1 – 5:31 |
| UmkaManowa | Abehluleli 13:2-25 |
| Isancinza somLevi | Abehluleli 19:1-30 |
| UNawomi noRuthi | URuthi 1 – 4 |
| UHana | 1 USamuweli 1:1 – 2:10 |
| UThamari | 2 USamuweli 13:1-22 |
| Intombazana eyayiyincekukazi yomkaNahamani | 2 AMakhosi 5:1-18 |
| UVashiti inkosikazi | U-Esteri 1:1-22 |
| U-Esteri | U-Esteri 2:1 – 9:32 |
| Umfazi okhutheleyo encwadini yeZaga | IZaga 31:10-31 |

## Abesifazane eThestamenteni Elisha

| | |
|---|---|
| Owesifazane owayenomopho | NgokukaMakhu 5:25-34 |
| Umfelokazi ompofu | NgokukaMakhu 12:41-44 |
| Abesifazane abalandela uJesu | NgokukaMakhu 15:39-41 |
| UMariya, unina kaJesu | NgokukaLuka 1:26-56 |
| U-Ana, umphrofethikazi | NgokukaLuka 2:36-38 |
| Owesifazane ophethe umfuma wamafutha | NgokukaLuka 7:36-50 |
| OMartha noMariya | NgokukaLuka 10:38-42; NgokukaJohane 11:20-27 |
| Owesifazane obanjwe ephinga | NgokukaJohane 7:53 – 8:11 |
| UThabitha | IZenzo 9:36-42 |
| ULidiya | IZenzo 16:13-15 |
| Ugogo kaThimothewu uLuwisi, nonina uYunisi | 2 KuThimothewu 1:3-5 |